Sawubona Nkk. Angie Motshekga

Igama lami nguGugulethu okwaNxumalo oneminyaka elishumi nambhili. Ngihlala eMpangeni, ngifuna eGrantham Park Primary School.

Ngithemba ukahle. Bengikubhalele lencwadi ngifisela impendulo ezobuya, ngikubhalela ngokuvula kwezikole.

Sonke besimangele sesitshelwa ukuthi sekuya buyiwa ezikoleni, simangazwa kakhulukazi kwesikhathi enivumellane ngokuvula ngaso. Lona leligciwane kuthiwa liyabulalana, lilimaze abagugile kakhulu.

Inkinga ukuthi zona lezingane eziya ezikoleni baningi kithi abasahlala nogogo nomkhulu bethu emakhaya kubo. Izingane kuthiwa aziguli kakhulu kodwa zingakwazi ukuliphatha igciwane emzimbeni, (singazi) silithathele khona esikoleni silibuyise ekhaya. Abadala bahlalele into engekho vese, kanti bavele bazoli thola igciwane, nakuyenzeka litholwa ingani yakhona.

Khona futhi ngoba kubanda abantu abaningi kakhulukazi izingane bathola umkhuhlane. Masebenawo umkhuhlane, bazobe begula vese kube lula ukungena kwalo igciwane. Mina ngokubona kwami, sekungaba ngcono sesivala izikole, sifundele kumabhonakude nakwimakhalekhukhini.

Mhlamphe sikhona isidingo ngemphela sokuvula izikole, thina esingasazi. Kodwa nathi sengathi ungasi cabangela, ngoba mina ngisavuka ekuseni, ngigodolela ukuyo saba iCorona esikoleni!

Usungaba kahle, mamAngie, uziphathe kahle.

Ozithobile
Gugulethu